BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 29 July 2022

THAMI DRIVING SCHOOL
• CODE 8 FULL COURSE R2800.00 FOR 30 LESSONS DEPOSIT R1000.00
• CODE 10 FULL COURSE R2800.00 FOR 30 LESSONS DEPOSIT R1000.00
• CODE 14 FULL COURSE R5900.00 FOR 30 LESSONS DEPOSIT R1500.00
• CODE 14 HALF COURSE R3000.00 FOR 30 LESSONS DEPOSIT R1000.00
• CAR HIRE R600.00 • TRUCK HIRE CODE 10 R1000.00 • TRUCK HIRE CODE 14 R1500.00
LEARNERS LICENSE R600.00

082 296 7178 • 071 546 7237 • EMAIL: thamthembi@gmail.com

# Izinyembezi zenjabulo imindeni ithola imizi

**Simphiwe Dlamini**



Ibibhalwe ebusweni injabulo kuGogo Ngcobo ngesikhathi iMeya yeTheku iKhansela uMxolisi Kaunda neKhansela uMpilenhle Mkhize wakuwadi 3 bemnika okhiye bendlu yakhe entsha.

Isithombe: THULI DLAMINI

KUQHUME imikikizo kwageleza izinyembezi zenjabulo ngesikhathi imindeni engaphezu kuka-17 ithola okhiye bezindlu zayo ezintsha kwiMeya yeTheku iKhansela uMxolisi Kaunda njengengxenye yokugubha uSuku lukaMandela.

Bekuqhilika izihlathi kule mindeni ethe ayisakwazi nokulinda ukuyolala emakhaya amasha ceke.

Ngomhla ka-18 Julayi, iMeya uKaunda inikezele ngezindlu ezinhlanu kuwadi 29 no-30 eCato Manor kubahlali abebephila ngaphansi kwezimo ezingezinhle.

Abahlomulile bahlonzwe ngesikhathi kunohlelo i-Operation Sukuma Sakhe.

Omunye wabahlomulile, uSibusiso Mgobhozi, ubehlala kolindela beSPCA nomkakhe nabazukulu ababili. "Njengoba ehamba ngesihlalo esinamasondo, uMasipala ukubone kubalulekile ukuba umakhele umuzi ngokubhekelela izidingo zakhe ezikhethekile njengokumakhela indawo yokuphuma nokungena kalula endlini ngesihlalo ahamba ngaso," kusho iMeya uKaunda.

UMgobhozi uthe: "Ngiyaqala ukujabula ngale ndlela. Sinomndeni wami sibonga asiphezi ngale ndlu esizoyithokozela ngokugcwele."

Ngomhla ka-15 Julayi, iMeya uKaunda inikezele ngemizi emindenini ewu-12 kuwadi 3 no-108 eNanda. Le mindeni ibisichithe cishe izinyanga ezintathu ezikhungweni zokukhosela ngemuva kokulahlekelwa yimizi yayo ezikhukhuleni zango-Ephreli. Ugogo Ngcobo ongomunye wabahlomulile uthe iphupho lakhe leminyaka lokuba nomuzi selifezekile. "Anginawo namazwi kodwa ngifi sa ukubonga wonke umuntu ongenzele lokhu," usho kanje, esula izinyembezi. IMeya uKaunda ithe abahlomulile bebeyingxenye yohlelo lwezindlu, iMqhawe Housing Project, nohlelo lwezindlu lwezinhlekelele okuqhubekayo kule ndawo.

Uthe njengengxenye yemizamo kaMasipala yokuphuthumisa uhlelo lokubuyisela izisulu zezikhukhula emiphakathini, iDolobha likhethe ukusebenzisa lolu hlelo lwezindlu ukubeka eqhulwini abakhahlanyezwe yizikhukhula abebevele besohlwini lwalolu hlelo.

Ukubekwa kwale mindeni eqhulwini kuyingxenye yezinyathelo zeDolobha zokubhekana nezimo eziphuthumayo.

"Baningi abantu abalahlekelwe yimizi ngesikhathi kunezikhukhula ngo-Ephreli abebevele besohlwini lwalolu hlelo lwezindlu. Sixoxisene nosonkontileka sicela ukuba bafi nqe isikhathi sokwakha ngaphandle kokubeka engcupheni izinga lezindlu. Kuyasijabulisa ukubika ukuthi imindeni engaphezu kuka-12 inikezwe okhiyem bezindlu futhi ngekem isahlala emahholo omphakathi," kusho iMeya uKaunda. Uqhube wathi: "Lokhu kukhombisa ukuthi siwuhulumeni ozifezayo izethembiso zokuthuthukisa impilo yabahlali. Namhlanje laba bahlali sebenamakhaya kanti nesithunzi sabo sibuyile."

*simphiwe.dlamini@durban.gov.za*

VUKANI THATCHING
Building
Renovation
Combing

Contact Vukani: 073 397 5529 • 076 118 7271 • vukanithatching5529@gmail.com • www.vukanithatching.co.za

BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# Funda izimpendulo esizithole kubafundi bephephandaba ngosuku lwa- Mandela



**Hloniphile Gwala ward 89**

Nelson Mandela wazalelwa eningizimu Afrika ngonyaka u1918 July 18 wayengumlweli wenkululeko owayelwa nombuso wobandlululo ungusopolitiki, kanye nosiza Abantu ngesihle ngezimali. Wasebenza kwezepolitiki njengomuntu omnyama womdabu onguMongameli weqembu le-African National Congress kusukela ngo 1991 kuya ku 1997. Wenza umkhankaso owawaziwa ngokuthi yi Defiance Campaign wango 1952 Kanti waqokwa ukuba ngunsumpa wango 1952 kwinhlangano egatsheni transvaal futhi nguye owaba ngumqubi kwingqungquthela enkulu ngo 1955 eyaziwa ngokuthi yi -Congress of the people.



**Thobile Madlala ward 80**

Tata Nelson Mandela day/ month, ibungazwa ngoba walwela inkululeko yabantu, kungabikhona ukucwasana ngokobulili nangokwebala .kwabakhona nokufunda mahhala ezikoleni,nakwizikhungo eziphakeme zemfundo.

Wasilwela kwinkululeko yama siko nezinkolo .ngaleskhathi kuningi okwenziwayo ukubungaza emphakathini njenge nhlanzeko ikakhuluzazi ebantwaneni ngoba wayezithanda izingane.
"Do what you can, with what you have,wherever you are."



**Zanele Ngcongo 34 ward 83**

Usuku lwenkululeko
Kimi lolusuku lucaza ukunginika igunua lokuphila impilo yami nanoma ingayiphi indlela engifisa ukuyiphila ngayo,kanjalo nanoma imuphi umhlali wase Ningizimu Africa.

Nangendlela engibuka ngayo izinto kanjalo nento engifisa ukuba yiyo angidingi ukutshelwa or ukuzwa ngomunye umuntu ngoba ngine mvume yokwenza engikufisayo . Ngalokho ngibonga ngibonga uTata uNelson Mandela ngokusilwela ukuze sikwazi ukuba nenkululeko



**Zandile Dlamini ward 80**

Sibungaza usuku luka Mandela ukuze sikhanyisele ngefa lokunikela ngempilo yakhe elwela ukulingana nokucwasana ngokwebala kwesizwe saseNingizimu Africa.

Thina njengabantu bakulelizwe sidinga ukubambisana sivikele umnotho nenhlalakahle yamaAfrica.ngokuphila ezimisweni zomthetho sisekelo wethu ohlinzeka ngamalungelo futhi oqinisekisa amagugu entando yeningi nesithunzi somuntu, ukulingana kanye nenkululeko yawo wonke umuthu.

BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY
FREE NEWSPAPER

You can book your space via email:
btnewsbookings@gmail.com

www.btnews.co.za

CONTACT JOLLIE RADEBE NOW TO
ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!
CELL: 078 661 3320



Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: btnewsinfo@gmail.com

# Kwamukelwe ukuqokwa kukasihlalo omusha wendlu yomdabu

**Nkosi Mhlongo**

IPHOSELWE inselelo yokuba ilwe nazo zonke izingqinamba eziphazamisa inhlalonhle yabantu ebaholayo iNkosi Shinga esanda kuqokwa njengoSihlalo omusha weNdlu yoMdabu KwaZulu Natal.

INkosi Shinga ingena ezicathulweni zeNkosi uPhathisizwe Chiliza. UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu Natal, uMnuz Sihle Zikalala nguyena kanye ophosele iNkosi Shinga le nselelo.

UZikalala uthe inkulu kakhulu indima eklanywa ngamakhosi ekuletheni inqubekela phambili esizweni kanjalo nasekuletheni ubumbano endlini yoMdabu.

> *Siyathembisa ukuthi njengesiFundazwe saKwaZulu Natal sizokwenza isiqiniseko esikhulu sokuthi siyaqhubeka nokusebenzisana nobuholi obusha...*

Wathi ngenxa yaleso sizathu kumqoka kakhulu ukuthi ojutshelwa kulesi sikhundla kube ngumuntu okuqonda kangcono ukubaluleka kokubunjwa kwesizwe esinokuthula noxolo kanye nozinzo.

UMnuz Zikalala wenze nesethembiso sokuthi bazosebenzisana kakhulu neNkosi uShinga ngenhloso yokubhekana nje ngqo nesihlava esigubazele isiFundazwe saKwaZulu Natal sonkana sokubulawa kwamaKhosi oMdabu kanye nokubulawa kwezinduna.

"Siyathembisa ukuthi njengesiFundazwe saKwaZulu Natal sizokwenza isiqiniseko esikhulu sokuthi siyaqhubeka nokusebenzisana nobuholi obusha osebukhethiwe obuholwa iNkosi uShinga. Sifuna ukuqhuba sisebenzisane eduze nalobu buholi boMdabu ukuze sithole ikhambi mayelana nengwadla yokubulawa kwamaKhosi,''kuchaza uZikalala.

Eqhuba uZikalala uthe bafuna ukuthi isiFundazwe sisebenzisana noboholi obusha ukuze kunqotshwe izinto eziningi ezibonakala zingezinhle eziqhubeka emphakathini. Phakathi kwalezo zinto ubale ukuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nezingane. Ubale nezifo ezinhlobonhlobo ezibonakala ziyisithiyo kumalunga omphakathi.

Ukushintsha kalula kobuholi beNdlu yoMdabu ngaphandle kokuthi kusuke uthuli lwezichwe ukuncomile kakhulu uZikalala. Wathi lokhu kuluphawu olusobala lokuthi ngampela izwe libuswa ngokwentando yeningi.

UNgqongqoshe wezokuBusa nokubaMbisana esiFundazweni saKwaZulu Natal, uMnuz Sipho Hlomuka naye ukwamukele ukubekwa kweNkosi uShinga kulesi sikhundla asichaze njengesimqoka kakhulu. Amaqembu ehlukene ezepolitiki nawo akwamukele ngezandla ezimhlophe ukuqoka kweNkosi uShinga kulesi sikhundla. INkosi uShinga nayo ithembise ukuthi izosebenza ngokukhulu ukuzikhandla ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi konke kubonakala kuhamba kahle ngendlela efanele ngaphansi kobuholi bayo.





INKOSI uShinga ejutshelwe kwesokuba nguSihlalo omusha weNdlu yoMdabu

## Uhlelo lokucisha ugesi ngenhloso yokuwonga lubuya ngo-Agasti

**Gugu Mdlalose**

KUSUKELA ngomhla ka-1 Agasti 2022, uhlelo lokucishwa kukagesi ngenhloso yokuwonga luzobuya eThekwini.

Kuzosetshenziswa uhlu olusha lwesikhashana oluzoba ngolokucisha ugesi kusukela esigabeni sesine nangaphezulu kuphela, kuze kube ukuphakelwa kukagesi kubuyela esimweni esejwayelekile. Abahlali banxuswa ukuba baqaphele ukuthi ukwehlukaniswa kwezigceme akukashintshi.

Uhlu olusha luyatholakala ezinkundleni zokuxhumana zikaMasipala. Izingxenye eziningi zeDolobha zisale zingenagesi ngemuva kokuba ingqalasizinda kagesi ilimele ezikhukhuleni.

Kunezinkampani ezinkulu ezingakabi nogesi kuze kube yimanje ezimatasatasa nokulungisa izikhungo zazo.

Ukunqamuka kukagesi ezindaweni eziningi ngemuva kwezikhukhula kuholele ekutheni iTheku lingakwazi ukuqhubeka nohlelo lokucisha ugesi ngenhloso yokuwonga.

Lokhu kunikeze iTheku ithuba lokuphuthumisa izinhlelo zalo zokubuyisela ugesi kumakhasimende

Kusemqoka ukuba iTheku libambe iqhaza ekucishweni kukagesi ngenhloso yokuwonga ukuze kwehliswe umthwalo kwingqalasizinda kazwelonke kuphinde kwehliswe nobungozi obukhona kwingqalasizinda kagesi yendawo. IDolobha no-Eskom basaqhubeka nokuxoxisana ukuze bagweme obunye ubungozi obungaba khona kwingqalasizinda. IDolobha likhuthaza abahlali ukuba baqhubeke nokonga ugesi.

Yonke impahla edla kakhulu ugesi efana namagiza, izitofu, nama-heater kumele icishwe uma ugesi ucishiwe ukuze kunqandwe umonakalo ongenzeka uma ugesi ubuya ngamandla.

• Iya kukhasi 8 ukuthola uhlu lwesikhashana lokucishwa kukagesi. gugu.mdlalose@durban.gov.za

## Sekuvaliwe Ukwamukelwa kwezicelo Zokungenela AmaSATMA Awards ka-2022

culture, sport & recreation
MPUMALANGA PROVINCE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SATMA AWARDS

MPUMALANGA
THE PLACE OF THE RISING SUN

Ama- South African Traditional Music Achievements Awards (SATMA Awards) ngomhla zingama 22 Julayi 2022 avale izethulo zawo kwabaqokelwe ukungenela.

Lenhlangano ezigqaja ngokugcina amagugu kanye nokubungaza abaculi bomdabu , ngesiqubulo esithi Isiko Lami, Isiko Lakho, kanye Nesizwe Esisodwa. AmaSATMA Awards athole inqwaba yezicelo ezivela kubaculi/namaqembu akwazile ukungena kwi-website athola ifomu athumela i-imeyili enezinamathiselo ezidingekayo. lokhu kuhlanganisa ukuthunyelwa kwe-fomu nge whatsApp.

Lokhu kuyimpumelelo njengoba ama-SATMA Awards ebheke ukwenza uhlelo lokulethwa kwezidingo kube lula kwabaqokiwe.

Ama-SATMA Awards athole izethulo ezingaphezu kuka- 4500 kuzo zonke izigaba ezahlukene.

Isimemo sabaqokiwe sizokwenzeka Emalahleni/ Witbank esifundazweni saseMpumalanga mhla zingama 30 Julayi 2022 usuku okuyomenyezelwa ngalo uhlu lwabaqokiwe.

Kulabo abazohambela lomcimbi kumele balindele okuningi okuzokwenzeka, kwabalandelayo uMduduzi Ntuli ( MC & Comedian), Nomfundo Moh (Umculi) uKarabo Mogane (umculi) noMukosi (Umculi) Izivakashi Zizophinde zithokozele ukudlala kwamaqembu amasiko, iqembu lamaNdiya, Iqembu lesiSwati, iqembu lamaVenda, iqembu lesiTswana, kanye nebhendi yase Marimba. sifisa ukudlulisa ukubonga emaqenjini omculo wesintu kanye namaciko ngokuletha imingenelo yawo kumaSATMA Awards 2022.

Lomcimbi uzohanjelwa inhlanzana labaqavile nabahlonishwayo behlanganele ndawonye ukugubha amasiko ethu ahlukene. AmaSATMA Awards kanye nomnyango wezaMasiko Ezemidlalo Nokungcebeleka eMpumalanga babheke ngabomvu lomcimbi ozoba mhla zingama- 30 Julayi 2022.

## UMasipala uhlanganisa izikhungo zezingcingo

**Simphiwe Dlamini**

UKUZE kuqinisekiswe ukusizakala kangcono kwamakhasimende nokuthuthukiswa kokuhanjiswa kwezidingo,

iDolobha selinqume ukuhlanganisa zonke izikhungo zezingcingo ezintathu zeDolobha. IMeya yeTheku iKhansela uMxolisi Kaunda ihole amalungu eKomidi eliPhezulu ngomhla ka-19 Julayi ukuyohlola ukusebenza kwezikhungo zezingcingo

zikaMasipala. Njengamanje, uMasipala unezikhungo zezingcingo ezintathu okubalwa esoMnyango wezaManzi, okaGesi nowokuqoqwa kwezimali.

IMeya uKaunda ithe ukusalela emuva okukhona ezikhungweni zezingcingo zeDolobha kuyinselelo enkulu kubahlali kanti ngemuva kokwenza ucwaningo lokubheka izindlela zokusebenza kahle kwalezi zikhungo, kuthathwe isinqumo sokuzihlanganisa.

IMeya uKaunda iqinisekise ukuthi ezinyangeni ezintathu ezizayo, uhlelo lokuhlanganisa lezi zikhungo luzobe seluphothuliwe.

"Sisebenzela ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo lusebenze kahle ngenhloso yokuthuthukisa ukweneliseka kwamakhasimende.

Sesijube nabaphathi ukuba baxazulule zonke izinkinga ezithinta ezabasebenzi ukuze lokhu kungaphazamisi uhlelo lokuhlanganisa lezi zikhungo nokusizakala kwamakhasimende," kwengeza iMeya uKaunda. *simphiwe. dlamini@durban.gov.za*

BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

# Usihlalo omusha we-ANC nezethembiso ezimqoka kubantu baKwaZulu Natal

**Nkosi Mhlongo**

USIHLALO omusha we-African National Congress (ANC) KwaZulu Natal, uMnu Sboniso Duma usenze isibophezelo sokudala ubumbano kuleli qembu aphinde aphuthumise nezidingo zomphakathi.

UMnuz Duma wenze lesi sbophezelo ngemuva kokuba eseqokwe njengoSihlalo omusha waKwaZulu Natal ehlula uNdunankulu, uMnuz Sihle Zikalala engqungqutheleni kaKhongolesi yesishagalolunye ebikade iqhubeka e-Olive Convention Centre.

"Into engikholwa ukuthi njengamanje yiyona emqoka kakhulu ngaphezulu kwezinto zonke ukuthi senze isiqiniseko sokuthi kuba nobumbano eqenjini le-African National Congress esiFundazweni saKwaZulu Natal. Lokhu ngikholwa ukuthi nakanjani kungenzeka inqobo nje uma sonke sisebenzisana ngokubambisana,''usho kanjena, uMnuz Duma.

Mayelana anokuphuthumisa izidingo kubantu baKwaZululu Natal uthe kuyinto okumele ibonakale iba seqhulwini ngaso sonke isikhathi.

Uthe njengamanje iKwaZulu Natal ibhekene nengwadla yomonakalo oshiywe yizikhukhula ezihlasele kwaze kwaba amahlandla amabili.

Wathi abantu bazithola sebehlala emehholo wathi bafuna ukuqinisekisa ukuthi bonke labo bantu bathola ukusizakala ngokushesha ukuze nabo bezozizwa bebuyelwa yithemba.

"Akukuhle ukuthi namanje kukhona abantu abasesemahholo



KUSUKA kwesokudla nguMnuz Sboniso Duma, nguNkk Nomagugu Simelani, nguMnuz Bheki Ntuli, nguMnuz Sipho Hlomuka kanye noDkt Ntuthuko Mahlaba.

sifuna ukuthi kube khona esikwenzayo ngokushesha mayelana nalesi simo. Sifuna ukuthi ukusebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuze kuzobuya ithemba kubona bonke abantu abasisekayo kukhona konke esikwenzayo,''usho kanjena.


Esikhundleni sePhini likaSihlalo esiFundazweni saKwaZulu Natal kukhethwe, uNkk Nomagugu Simelani-Zulu onguNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu Natal, wehlule uMnuz Kwazi Mshengu onguNgqongqoshe wezeMfundo esiFundazweni.

Kwesokuba nguSihlalo esiFundazweni, uMnuz Bheki Mtolo wehlule, uMnuz Mdumiseni Ntuli obebhekiwe. Kwathi kwesokuba nguNobhala jikelele esiFundazweni kwaqokwa uMnuz Sipho Hlomuka ehlula, uNkk Nontobeko Boyce.

KwesikaMgcinimafa uMnuz Jomo Sibiya onguNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu Natal ukhale ngaphansi ehlulwa nguDkt Ntuthuko Mahlaba.

UMnuz Sandile Zungu ongusombhizinisi futhi onguSihlalo wamaZulu Fc, uhoxile ngomzuzu wokugcina wangakwamukela ukuphakanyiswa kwegama lakhe.

Ngosuku lokusonga ingqungquthela uMengameli wezwe, uMnuz Cyril Ramaphosa uvale ngenkulumo enohlonze egqugquzela ubunye eqenjini likaKhongolose. Wenza nesibophezelo sokuthi uzosebenzasana kahle nobuholi obusha osebuqokiwe KwaZulu Natal.




UMasipala weTheku usanda kuba nomkhankaso wokukhuculula eMlazi obuwenziwe njengendlela yokugubha iNyanga kaMandela. Abahlali baseMlazi baphume ngothi lwabo ukuzohlanganyela neminyango eyahlukene kaMasipala nezinhlaka zomphakathi ukuyokhuculula izindawo ezahlukene. Isithombe: SITHUNYELWE

## Abahlali bakhuculule uMlazi kugujwa iNyanga kaMandela

**Mlungisi Dlamini**

ABAHLALI baseMlazi baphume ngothi lwabo ukuzohlanganyela neminyango eyahlukene kaMasipala nezinhlaka zomphakathi ngomhlaka-13 Julayi ukuyokhuculula izindawo eziningi nokukhuthaza inhlanzeko njengendlela yokugubha iNyanga kaMandela.

Iminyango eyahlukene kaMasipala okubalwa owezobuNjiniyela, owezamaPaki, ezokuNgcebeleka namaSiko, owezokuHlanza nokuQoqwa kukaDoti, iDurban Tourism, owezaManzi nokuThuthwa kweNdle, owezokuPhathwa kweziNdawo, amaphoyisa kaMasipala, owezokuXhumana, owezeMidlalo nezokuNgcebeleka, izinhlaka zomphakathi kanjalo nabahlali bafi ngqe imikhono bebamba iqhaza kulo mkhankaso wokuhlanza. Umkhankaso uqale eMega City waqhubekela eGlebelands, waya eZimbuzini wayophela Kwasitambu. Kuhlelwa uchungechunge lwemikhankaso efanayo kuyona le nyanga.

Umhlali waseZimbuzini uMandla Makhathini uhalalisele abasebenzi beDolobha ngokuhlanza indawo yangakubo. "Le ndawo ibisinesikhathi ingcolile kodwa manje isibukeka kahle. Singajabula uma uMasipala ungasengezela imigqomo.

Angikugqugquzeli ukulahlwa kukadoti ngokungemthetho ngoba kuvala imisele yamanzi ezikhukhula," kusho uMakhathini. Uthe ufi sa sengathi uMasipala ungenza imikhankaso yokukhuculula nyanga zonke ukuze usabalalise ivangeli lenhlanzeko. Ikhansela lakuwadi 76 iKhansela uJabulani Maphumulo lishayele uMasipala ihlombe ngokuqhuba lo mkhankaso ewadini yakhe. "Nginxusa abahlali baseMlazi ukuthi bagcine ilokishi lethu lihlanzekile ukuze sigweme izifo sihehe nabatshali bezimali. Leli yilokishi elivelele elinomlando onothile futhi selaziwa njengendawo ephambili yezokuvakasha." Njengengxenye yezinhlelo zosuku, kutshalwe isihlahla somsonti (yellowwood tree) epaki eliseMega City.

*mlungisi.dlamini@durban.gov.za*

# Aphumela obala ngezinkinga abhekene nazo amadoda aKwaZulu Natal

**Nkosi Mhlongo**

AMADODA agcwale izitaladi zeTheku emasha athi akumele kuthathwe njengento eyihlaya ukuhlukunyezwa kwamadoda ngabantu besifazane athandana nabo.

Amadoda azwakalise lesi sikhalo sawo ngesikhathi emasha ezwakalisa izikhalo zawo ezahlukene. Abegqoke izikibha ezimhlophe ephethe nezingqwembe ezibhalwe imibhalo eyahlukene ebezidlulisa imiyalezo enzima ebhekiswe emphakathini.

Ziningi kakhulu izingqinamba amadoda akhale kakhulu ngazo ecela ukuthi zibhekisiswe ngoba zibonakala zithikameza kakhulu inhlalonhle yawo amadoda.

Phakathi kwalezo zinto abale ukungaqasheki kwawo. Lokhu athe akubuhumsha ngokuthi akufanele wona athole ithuba lokuthi akwazi ukondla imindeni yawo.

Loyo oyiPhini likaSihlalo kwinhlangano yamadoda ebizwa ngokuthi yiMes's Sector Forum, uMbhishobhi Bhekimpi Mchunu




AMADODA ngesikhathi emasha ezitaladini zeTheku

ulimise ngesihloko elokuthi zingingi kakhulu izingqinamba ezibonakala ziphazamisa kakhuklu inhlalonhle yamadoda aphila kulesi sikhathi samanje.

UMchunu uthe sesifikile manje isikhathi sokuthi amalunga omphakathi azi ukuthi yize bengamadoda kodwa nabo bayakuthola ukuhlukumezeka.

Ngenxa yaleso sizathu wathi kumqoka kakhulu ukuthi kube khona okwenziwayo mayelana nesihlavа esesandile kakhulu sokuzitshwa kwamadoda amaningi uma ebika ngokuhlukunyezwa akuthola kubantu besifazane.

"Uma indoda ithola ukuhlukumezeka akubi lula nje nhlobo ukuthi isheshe ikuthole ukusizakala. Lokhu singamadoda sifuna ukuthi manje kuphele nje. Amadoda sifuna ukuthi uma ekhuluma ezwakalisa ukuthi abhekene naziphi izinkinga nawo athathelwe phezulu njengoba siye sibone kwenzeka kubantu besifazane,''kuchaza uMbhishobhi Mchunu ophinde abe ngumholi webandla labasindisiwe iFortress of Hope Church International enesizinda eMeyville, khona eThekwini.

UMchubu uthe le nhlangano yamadoda yenza konke okusemandleni ngenhloso yokukhuthaza amadoda asesiFundazweni saKwaZulu Natal ukuthi angabi madolonzima uma kufanele aphumele obala ngezinselelo kanye nezingqinamba abhekana nazo.

Le mashi ibikade ihanjelwe yiMeya yeTheku, uKhnasela uMxolisi Kaunda kanye noNdunankulu weiFundazwe saKwaZulu Natala, uMnuz Sihle Zikalala. Bekukhona nomsakazi woKhozi Fm, uSipho "Dj Sgqemeza" Mbatha oshayela uhlelo lawasekuseni, iVuka-Afrika.

ITheku talks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# Kugqame amabhizinisi entsha nawabesifazane embukisweni wamabhizinisi weSifunda sikaMasipala esiseNingizimu

IMIKHIQIZO eseqophelweni eliphezulu kanye nemisha yamabhizinisi entsha nawabantu besifazane ibihamba phambili embukisweni wamabhizinisi weSifunda sikaMasipala esiseNingizimu (DBF) obusenxanxatheleni yezitolo KwaMnyandu muva nje. Lo mbukiso wokuthuthukisa amabhizinisi uhehe abantu ababalelwa ku-13 500 abebezokweseka amabhizinisi endawo alinganiselwa ku-120 abekhangisa ngemikhiqizo yawo kulezi zinsuku ezintathu.

U-Asanda Zondi, 21, waseMlazi ungumsunguli weSiqalosisha, okuyibhizinisi elikhiqiza imithi yokuhlanza efana nezibulalamagciwane nensipho yokugeza izitsha, phakathi kokunye. Leli bhizinisi liphinde lenze umsebenzi wokuhlanza izakhiwo zamabhizinisi.

UZondi uthe ubonga kakhulu ngalo mbukiso wamabhizinisi njengoba unike ibhizinisi lakhe elisha ithuba lokukhangisa ngomsebenzi walo.

Uthole nethuba nolwakha amaxhama okuxhumana namanye amabhizinisi athemba ukuthi kuzokhula kube ubudlelwano kanye nezivumelwano ezintsha zokusebenza. Uthe, "Ngaphezu kokuziveza kwabangase bathenge, siphinde sathola ithuba lokukhangisa ngemikhiqizo yethu emsakazweni. Bekungokokuqala ngikhangisa kodwa ngizobuya noma kanjani!"





**Imikhiqizo yabantu besifazane neyabasha iyona ebihamba phambili embukisweni wamabhizinisi, iDurban Business Fair, obubanjelwe KwaMnyandu Shopping Centre kulenyanga edlulule obekuyinyanga yentsha.**

UFikile Khuzwayo, ona-35, ongumsunguli we'Fiks the Coffee Queen' uvule ibhizinisi lakhe ngo-2020 kanti ube nezinsuku ezintathu ezibe ngenkulu impumelelo kulo mbukiso. Isitendi sakhe besingesinye sezitendi ebezimatasa kakhulu njengoba abantu abebehambele lo mbukiso bekujabulele kakhulu ukubona enza izinhlobonhlobo zekhofi ngokukhululeka.

"Ngangisebenza ezindaweni zokudlela, futhi ngiyalithanda ikhofi, ngase nginquma ukufeza iphupho lami lokuba yindlovukazi yekhofi," kusho yena.

Ibhizinisii likaKhuzwayo likwanombolo 139 Essenwood Road. Wenze imali elinganiselwa ku-R6 000 ewukheshi ngokudayisa kulo mbukiso. Kule mali ayibaliwe leyo ebikhokhwa ngamakhadi. "Anginawo amazwi okuchaza ngokubaluleka kwethuba engilitholile lokuziveza kwebhizinisi lami ngokukhangisa kulo mbukiso kanye nokubaluleka kwamanye amathuba amaningi ahambisana nokuba kulo mbukiso. Ngiyabonga kuMasipala."

UThandeka Jali ungomunye wabawine umklomelo wezitendi ebezivelele kakhulu ngobuhle kulo mbukiso futhi wahlomula nangobulungu be-Durban Chamber of Commerce and Industry unyaka oowdwa, isitendi samahhala sokubukisa embukisweni omkhulu we-DBF ozoba ngo-Septhemba, u-R3 000 wokuthenga izidingo zebhizinisi eWaltons, kanye ne-airtime yokumaketha ibhizinisi lakhe. Ushayele uMasipala ihlombe ngokuvula inkundla lapho ekwaze khona ukukhangisa ngenkampani yakhe, i-Lactease.

USihlalo weKomidi Lezokuthuthukiswa Komnotho Nokuhlela, uKhansela Thanduxolo Sabelo uthe umbukiso wamabhizinisi weSifunda esiseNingizimu ube yimpumelelo emangalisayo. Uthe kuyamjabulisa ukuzwa kubanikazi bamabhizinisi kulo mbukiso besho ukuthi ube nemithelela emihle kanjani ekukhuleni kwamabhizinisi abo.

Kulo mbukiso wamabhizinisi bekunezinkundla zokucobelelana ngolwazi eziningi ebezigxile ekuthuthukiseni osomabhizinisi nangokubahlomisa ngamakhono abalulekile ekusimameni kwamabhizinisi abo. Kulezi zinkundla singabala eyokuthuthukisa osonkontileka abasemkhakheni wokwakha, eyokufukula osomabhizinisi abayintsha nabesifazane, izifundo zokusiza amabhizinisi ekusebenziseni ubuchwepheshe besimanje ekuzimaketheni, uqeqesho lwezokucwala nokulungisa ubuso, nokunye okuningi.

Zisakhona izikhala ezincane ezisele kumbukiso omkhulu we-Durban Business Fair ozobanjelwa eDurban Exhibition Centre nase-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre. Ukuze ukwazi ukubhalisa, cela ifomu ku: zamani.shezi@durban.gov.za noma ushayele u-031 311 4500.

# Seluliwe isikhathi sokufaka izicelo zoxhaso

UKUFAKWA kwezicelo zoxhaso luka-2022/23, iSundry Grant-In-Aid, sekwelulelwe kumhla ka-30 Julayi 2022.

Izinhlangano ezibhalisiwe ezisemikhakheni yezinkulisa, ezenhlalakahle, ezemidlalo, ezamaciko, ezokuthuthukisa komnotho nezenkolo ezisiza imiphakathi ziyamenywa ukuba zifake izicelo.

Lokhu kufaka abantu abasha, izingane, abantu besifazane, abadala kanjalo nabakhubazekile.

Izicelo zingathunyelwa nge-email noma zihanjiswe emahhovisi ezifunda alandelayo kungakashayi u-12 emini ngomhla ka-30 Julayi:

- Isikhungo sikaSizakala oThongathi
- Isikhungo sikaSizakala eKingsburgh
- Isikhungo sikaSizakala KwaMashu
- Isikhungo sikaSizakala eMega City
- Isikhungo sikaSizakala ePinetown
- Isikhungo sikaSizakala eWestville




**Ukufakwa kwezicelo zoxhaso, iGrant-In-Aid, seselulelwe kumhla ka-30 Julayi 2022 ukunikeza izinhlangano isikhathi esanele sokufaka izicelo. Esithombeni ngabanye asebeke bahlomula kulolu xhaso.**

Abafaka izicelo kumele baqinisekise ukuthi wonke amaphepha adingekayo ayalethwa. Lokhu kufaka irisidi efakazela ukwamukelwa kwefomu lakho.

Amafomu okufaka izicelo ayatholakala kwi-website kaMasipala ku-www.durban.gov.za noma emahhovisi amakhansela amawadi.

Ngemibuzo, thinta uMxhumanisi weGrant-In-Aid, uSandile Ngwane, ku-031 311 6195 noma obhekelela ukwesekwa kwabahlomule kulolu xhaso, uSusan Towes ku-031 311 6171.

# Masibungaze uMandela zonke izinsuku kule nyanga

INYANGA uJulayi yinyanga eyeyamaniswa nowayengumengameli uNelson Mandela njengoba umhlaba wonke usuke ugubha usuku lwakhe lokuzalwa ngomhla ka-18 Julayi. Emhlabeni jikelele kusuke kuheleza umoya wokupha nokunakekela abeswele ngalolu suku. Lezi zenzo ziyaye ziphelezelwe yizinhlelo zokuhlanza izindawo – kungaba wukuhlanza indawo yokulahla udoti noma ukupenda. UMasipala unxusa imiphakathi ukuba nayo ibambe iqhaza ekuhlanzeni izindawo zayo.

Ikhona imiphakathi esinesikhathi ikwenza lokhu. Isiyakhe amapaki afana neHow Long Park eseMlazi noma yalima izingadi zemifino imiphakathi ehlomulayo kuzona.

UMasipala, ngokusebenzisana neNtokozo FM, iKhansela lakuWadi 76 uJabulani Maphumulo nohlaka lomphakathi oluhlwa nobugebengu oluholwa nguPatrick Ngwenya, nawo uyamukele le nselelo waqhuba umkhankaso omkhulu wokukhuculula oqale ekungeneni kwaseMlazi wadlulela eGlebelands, waya Ezimbuzini wayophela Kwastambu (esigcemeni sakwaV).

Nawe ungayidlala indima yakho ukhuculule ngakini. Thatha isithombe saphambilini nesangemuva kokukhucululwa kwendawo uzithumela ku-news.desk@durban.gov.za, ufake igama lakho nendawo okhethe ukuyikhuculula. Udaba lwakho nesithombe kungashicilelwa ephephandabeni likaMasipala, iMetro Ezasegagasini nasezinkundleni zokuxhumana.



**IKhansela lakuwadi 76 uJabulani Maphumulo (kwesokunxele) nabesebenzisana nabo emkhankasweni wokukhuculula weNyanga kaMandela obuseMlazi muva nje.**

CHA NGOKULAHLA
UDOTI NGOKUNGEMTHETHO
REDUCE • REUSE • RECYCLE



# UMlazi Mega City unikele ngokudla kwenani lika R50 000 namaphasela ezokuhlanzeka

***Kwi- Masibambisane, Life Beyond Disability, Isolempilo ne Ikusasalethu ngalolusuku lukaMandela***

Umlazi Mega City uhlinzekele umphakathi ngokuletha ukuthenga ngokunethezeka kulelilokishi futhi uhlose ukuklomelisa nokubuyisela emphakathini oqhubeka nokubeseka kulesisikhungo.

Thina njengabantu baseNingizimu Afrika sibhekane nezinselelo eziningi kuleminyaka emibili edlule okuhlanganisa nokukhuphuka kwezindleko zokuphila. Ngakho- ke ebunzimeni sithemba ukusebenzisana ukuze silulame futhi sisize labo abaswele. Ngalolu suku lukaMandela uMlazi Mega City ephethwe yi SA Corporate kanye ne Sizovuma Investments isize iMasibambane, Life Beyond Disability, Ikusasalethu kanye neSolempilo ngama Hampers angu 286 akhiwe nokudla kanye nezinto zokuhlanzeka komuntu. IMasibambane isendaweni yaseMhlabeni esigcemeni sakwa V, njengamanje banakekela izingane ezingu- 45 eziphila nokukhubazeka isiza imindeni engaphezu kuka- 50 enezingane eziphila nokukhubazeka esigcemeni sakwa J, Ikusasalethu inhlangano yentsha ezinze eMlazi esigcemeni sakwa Z, inakekela imindeni enamalungu athintwe yizinkinga zomphakathi.

Sifisa ukukhuthaza labo abanamandla okusiza labo abaswele njengoba kusho isisho Umuntu Ngumuntu Ngabantu.




Umlazi Mega City General Manager-Hope Khumalo (left) and Centre Management team with Mam'Dudu from Masibambaneni organisation.





Uqalwe ngegiya eliphezulu umkhankaso obizwa nge Mandela Cleaning campaign okuyinyanga yokuhlonipha owaye ngumongameli wokuqala omnyanga kuleli uDr Nelson Mandela kusekela kuqale inyanga. Izithombe zithathwe Mega City nakwa Jeena ngeledlule. Izithombe: Sabelo Ngema





Ababengabafundi besikole samabanga aphezulu kwa Mgaga High School bahlele ukuhlanza isikole ngosuku lukaMandela.



## Pavilion Shopping Centre Marketing Team

Ngokuxhumana no-Okwethu Education Centre yase- Cato Manor Kanye neSiceluthando Educare Centre ngokubambisana be TREE. I-Pavilion Shopping Centre itshale imali futhi yanikela ngezinto ezingi ezibalulekile njengezinto zejimu yokudlala yangaphandle ( amaswing, amaslayidi ejimu yasehlathini ukuya Kuma - merry go round) imibhede, izingubo zokulala, amanabukeni, imidlalo yokufundisa, izinsimbi ezingakulungele ukudlala izingane Kanye namathoyizi. U- Cleopatra Cele (TREE) Kanye nethimba le The Pavilion Marketing u- Julie-Anne Zuma, u- Avesh Udiajoo Kanye no Lisa Folkard, bahlanganyele umzuzu ongasoze walibaleka.



# Bekukuhle kudelile kwiDundee July yalonyaka



UNGQONGQSHE wezeMidlalo,ezobuCiko namaSiko KwaZulu_ Natali uHlengiwe Mavimbela ephahlwe yizicukuthwane zakhe etendeni lomnyango kwiDundee July



BELUHAMBA phezulu kanje unyawo kubaculi bewembu Izingane zoMshebelingelinye kwabenandisa kwiDundee July



UNDLUNKULU uThobile Sithole, uNdlunkulu Thandekile kaNdlovu Zulu noSiyabonga Maphumulo



UNOKUPHIWA, uMbuyiselo noTshengislie Mkhize abaqhamuka emndenini kwehhashi uNyazangoma eMgungundlovu. Izithombe:Nash Ngcobo



UBESWENKE econsa kanje uDkt Fikile Ndlovu oyi_Acting HOD yeKZN Arts And Culture kwiDundee July



INKOSI uNgqayizivele Sithole yaseMhlumayo eMnambithi noNdlunkulu wayo uThobile abebeyizimenywa zeDundee July



UNOLUTHANDO Sibiya noGift Sikhakhane odume ngelikaDJ Givit abadle umhlanganiso ngengqephu ethungwe nguMC Mshade kwiDundee July






# UMfaziwendiya unqobe kumaTrotters eDundee July

**Nash Ngcobo**

UMGIDI weDundee July 2022 uvalwe nguMfaziwendiya obeboshelwe kumaTrotters Garde 2 ngokushiya ozakwabo sengathi bamile emjahweni waminyaka yonke obuse-Endumeni Track Horse Racing eDundee ngoMgqibelo.

Le lihhashi ebeligitshelwe nguPlaza Mtshali likhombise zisuka nje ukuthi alinantanga kulawa ayisi-8 ebeliboshelwe nawo ngokuvula elikhulu igebe laze layowuqeda umjaho, maqede laklonyeliswa ngezi-R50 000.

Nakuba kungahambanga njengezithembiso ezenziwa ngokwemiklomelo ngenkathi kwethulwa lo mjaho okhula unyaka nonyaka ngenyanga eyedlule, kumjabulisile ujokhi ukuwubona uza nezinguquko selokhu wasungulwa.

UMtshali uthi kuyamjabulisa ukuthi lo luhlobo lomjaho selukwazi ukukhokhela abaqeqeshi, ojokhi nabanikazi bamahhashi njengoba kwenzeka emijahweni emikhulu engaphnsi kweGold Circle.

"Kuyangijabulisa ukwazi ukuthi ngizothola u-10% walo mklomelo ka-R50 000 esizocazelana kuwo nomnikazi kanjalo nomqeqeshi wehhashi."

"Yize ingeningi le mali kodwa ziyakhula izimpawu zokuthi lukhulu luyeza luyanyenyela uma uqhathanisa nezikhathi zakudala lapho kwakuqhudelwana ngezinkukhu, izibhalala kanjalo neziklabhu," kusho uMtshali.

Okugqame kakhulu ngalo mjaho wukushoda kolwazi ngamahhashi, izitebela aqhamuka kuzona, abanikazi, abaqeqeshi, ababhekeleli bawo (grooms) bawo kanjalo nabanikazi bezindawo zokubheja.

UMnyango wezeMidlalo, abaxhasi kanjalo nenhlangano eyengamele ezomjaho, kuzofanele bazijwayeze neGold Circle eyengamele imijaho yamahhashi eNingizimu Afrika ukuze bazotshala abakufunde kule nhlangano.

Akufanele ababhali nabasakazi bomjaho batholakale esidlangaleni noquqaba oluzozijabulela ngezindlela ezahlukene, kodwa kufanele babe negumbi lokusebenzela ngendlela ehlelekile.

Nakuba kujatshulelwe ukwanda kwesibalo sabaculi abanohlonze, kufanele abagqugquzeli nomnyango wezemidlalo bawe bevuka ukwandisa abaxhasi njengoba kwenzekile kwezomculo.

Kujabulisile nokubona umjaho ojokhi bawo obekungabesifazane bodwa, okuyinto engajwayelekile nebengiyeshwama kwiDundee July. Ngibethulela isigqoko abagqugquzeli nabahleli beRural Horse Riding.

Lo mjaho unqotshwe Inkulumo ebigitshelwe ngu-Anothi Buthelezi esigabeni sika-U/12, ohlabane ngezi-R12000. Amakhosi, izinduna nezimeya zemikhandlu eyahlukene, zisho ngazwi linye ukuthi lo luhlobo lwenjabulo kuzofanele lusabalale kuyo iKwaZulu-Natali ukuze kukhuphuke izinga lomnotho kwakheke namathuba emisebenzi.

IDundee July izibekile ezingeni lokwenizwa ngcono izimpilo zabantu baseMzinyathi ngendlela ebihanjelwe ngayo, okusenamathuba okwanda kwezinto ezifana nayo.

Amakhosi ngokubambisana noMasipala kuzofanele awe evuka alwele ukwanda kwemidlalo efana nalena ezokwakha amathuba emisebenzi ngezindlela ezahlukene, angavumi ukudansela isiginci sosopolitiki.

Laba baxhasi abethulwe kulo nyaka bangawenza wenzeke lomehluko okukhulunywa ngawo ezimpilweni zomphakathi uma bezokumela abazibophezele ngakho kuzo zonke izifunda zesifundazwe.



UNGQONGQOSHE wezeMidlalo, ezokubuCiko nezamaSiko KwaZulu-Natali uHlengiwe Mavimbela ethula umklomelo wezi-R50 000 emjahweni iDundee July kumagTrotters enqotshwe uMfaziwendiya obegitshelwe uPlaza Mtshali nabanikazi uSima noLwazi Mkhize.

# Kuzodaleka amathuba omsebenzi kowe BJ Marathon

**Sabelo Ngema**

Kuzokhunjulwa ingqalabutho yesicathamisa uProfessor Bhekizizwe Joseph Shabalala weqembu le-Ladysmith Black Mambazo ngomjaho obizwa nge BJ Marathon ozoba ngonyaka ozayo.

Lomjahho oyibanga elingama 42,2km, 21k.,10km kanye no 2km uzoba ngowokuqala wenzeka eLadysmith endaweni ezalelwa kuyona okuyilapho aqalakhona umculo wesicathamiya.

Indodana yakhe uThulani Shabalala ophinde abeyilunga leqembu uthi ubaba wakhe uhambe emhlabeni enephupho lokwenza umjahho weMaraton endaweni yasemakhaya.

"Ubaba usifundisile umculo nokunye okuningi, sizomkhumbula ngokuthi simenzele Marathon ebizwa ngegama lakhe.

Uveze ukuthi ubaba wakhe uqale uthando lokugijima ngenkathi engenele obizwa nge Walk webanga elingu 4km eMgababa. Waphinde waveza nokuthi lomjahho uzongenelwa abancane nabadala ngokushiyana kwebanga.

Umsunguli walomjahho uMnuz Vuyo Shabalala ukuqinisekisile ukuthi lomjahho uzodala amathuba amaningi omsebenzi endaweni nokuzohlomulisa kakhulu ezokuvakasha.



Umgqugquzeli womjahho we-BJ Marathon uThulani Shabalala ekhuluma eCrown Hotel eLadysmith ngempelasonto. Izithombe: Sabelo Ngema

